

**NguMongameli  
Dieter F. Uchtdorf**  
Ikhansela Lesibili  
KubuMongameli Bokuqala



# Ukuhamba uJikeleze

**U**kewezwa ngesisho esithi abantu abaphambukayo bavamise ukuhamba bejikeleze?

uJan L. Souman, owayengumJamani

owayesebenza ngokufunda izinqondo zabantu, wayefuna ukuthola ngokocwaningo uma lokhu kwakuyiqiniso. Wathatha abazozibandakanya nocwaningo endaweni enehlathi elikhulu kanye nasogwadule lwaseSahara futhi wasebenzisa neglobal positioning system ekhombisa ukuba bakuyiphi indawo. Babe-nganayo ikhaphasi noma enye yezinto. Imiyalelo kubona yayilula: hamba emugqeni oqondile endleleni ekhonjisiwe.

uDr. Souman kamuva nje wasechaza ukuba kwenzekani. “[Abanye] babo bahamba ngosuku olwalunamafu, kanye nelanga lifihleke emva kwamafu [futhi kungenawo nezimphawu zokubheka kuzo]. . . [Bona] bonke bahamba bejikeleza, futhi [abambalwa] babo bephinda beqa izindlela zabo ngokunganakile. Abanye babo abazibandakanya bahamba ngenkathi ilanga libalele, futhi izimphawu zokukhombisa zibonakala zikude nabo. “Laba . . . balandela cishe indlela eqondile ngokuphelele.”<sup>1</sup>

Lesifundo siphindwe ngabanye ngezindlela ezihlu-kene zocwaningo.<sup>2</sup> Zonke zaletsa imiphumela efanayo.

Ngaphandle kwezinto zomhlaba ezikhombisayo, abantu bavamise ukuhamba bejikeleza.

## **Izinto zomhlaba ezikhombisayo Zemibhalo engcwele**

Ngaphandle kwezinto ezingcwele zomhlaba ezikhombisayo, futhi abantu nabo bayaphambuka. Ngaphandle kwezwi likaNkulunkulu, sihamba sijikeleze.

Sisodwa futhi singumphakathi, sibona lomfolozi uphindaphindeka njalo kuhlelo lwempatho kusukela ekuqaleni kwesikhathi. Uma singasaboni izwi likaNkulunkulu, sivamise ukuphambuka.

Lokhu kuyimbangela engenakungabazeka ukuba uNkulunkulu wayala uLehi ukuba athumele emuva amadodana akhe eJerusalema ukuyolanda amapulethi webress. uNkulunkulu wayazi ukuthi abantwana bakaLehi bazakudinga izinto ezithembekileyo zomhlaba ezikhombisayo—eziwuphawu olubonisayo—lezo ezizakuletha indlela ekhombayo abazakuyisebenzisa ukuthola ukuba basesendleni okuyiyona na.

Imibhalo engcwele iyizwi likaNkulunkulu. Iyizinto zomhlaba ezikhombayo zikaNkulunkulu ezikhomba indlela okumele siyihambe ukuze sisondelane kanye noMsindisi wethu futhi sifinyelele ezinhlosweni ezifanelekile.

## Izinto zomhlaba ezikhombisayo zeNkomfa Kawonkewonke

Imiyalelo enikeziwe kwinkomfa Kawonkewonke ezinye zezinto zomhlaba ezikhombisayo lezo ezingasiza thina sazi ukuba sisendleleni efanelekile na.

Esikhathini esinye ngiyazibuza, “Ngiyengalalela amazwi akhulunyiwe ngabesilisa kanye nabesimame abakhulume kwinkomfa kawonkewonke yeBandla yamuva nje. Ngifundile futhi ngafundisisa amazwi abo na? Ngiwacabangisisile wona futhi ngawasebenzisa empilweni yami? Noma ngiyengajabulela izinkulamo ezinhle ngayekela ukusebenzisa imiyalezo egqugquzelisayo empilweni yami?”

Mhlawumbe ngenkathi ulalele noma ufunda, ubhale phansi inothi eyodwa noma emibili. Mhlawumbe wenze isibophezelo ukwenza ezinye izinto kangcono noma ngendlela ehlukile. Cabanga ngomlayezo wenkomfa kawonkewonke eqeda ukudlula. Eziningi zisigqugquzela ukuba siqinise imindeni yethu futhi silungise kangcono imishado yethu. Lekhophi ye *Liahona* futhi ebhekise kulemigomo yangunaphakade, kanye neziluleko eziningi ezibonakalayo ukuba zibusise izimpilo zethu.

Siyabhala phansi futhi sisebenzise lesiluleko esibalulekile? Siyazibona futhi sihambe eduzane nalezinto zomhlaba ezikhombisayo ezamampela futhi ezibalulekile?

### Ikhubalo lokuFuna

Izinto zomhlaba ezikhombisayo zangomoya zibaluleke kakhulu ukugcina thina sisendleleni eqondile futhi encane. Zisinikeza indlela ebonakalayo leyo ekumele siyihambe—kepha kuphela nje uma sizibona futhi sihambe eduzane nazo.

Uma singavumeli ukuholwa ilezinto zomhlaba ezikhombisayo, azibinomqondo, izinto ezihehayo lezo ezingenayo injongo kepha ezizohlukanisa ukufana kwesibhakabhaka.

Akwanele ukuba sithembele kuphela kwimizwa yethu.

Akwanele ukuba sibenezizathu ezilungile kakhulu.

Angeke kwasiza ukuthembela kuphela kwimizwa yethu.

Noma ngenkathi sicabanga ukuthi silandela indlela engcwele eqondile, ngaphandle kwezinto zomhlaba ezikhombisayo ukuba zisihole—ngaphandle kokuholwa uMoya ongcwele—sizophambuka.

Thina, ngakho-ke, masivule amehlo ethu futhi sibone izinto zomhlaba ezikhombisayo lezo uNkulunkulu onesihawu anikeze abantwana Bakhe. Make sifunde, silalele, futhi sisebenzise izwi likaNkulunkulu. Make sikhuleke ngenhloso yangempela futhi silalele futhi silandele ugqozo loMoya ongcwele. Uma sesibonile izinto zomhlaba ezingcwele ezikhombisayo ezinikezwe nguBaba wethu waseZulwini othandekayo, kumele sibeke indlela yethu ngazo. Kumele futhi senze izindlela njalo ezilungisayo njengoba thina siziholela kwizinto zomhlaba ezikhombisayo ezingcwele.

Ngalendlela, angeke saphambuka sijikeleze kepha sizohamba ngokuzithemba futhi ngethemba kulesosibusiso esikhulu esinobungcwele leso esiyilungelo lokuzalwa kubobonke abahamba endleleni eqondile futhi encane yabalandeli bakaKrestu.

### AMANOTHI

1. Bona Jan L. Souman kanye nabanye, “Walking Straight into Circles,” *Current Biology*, vol. 19 (Sept. 29, 2009), 1538–42.
2. Bona, isibonelo, Robert Krulwich, “A Mystery: Why Can’t We Walk Straight?” [npr.org/blogs/krulwich/2011/06/01/131050832/a-mystery-why-can-t-we-walk-straight](http://npr.org/blogs/krulwich/2011/06/01/131050832/a-mystery-why-can-t-we-walk-straight).

### UKUFUNDISA OKUVELA KULOMLAYEZO

Njengoba uzilungiselela ukuba ufundise ngalomlayezo, ungafuna imibhalo engcwele isibonelo sabantu abaholwa ngezinto zomhlaba ezingcwele ezikhombisayo noma abantu abaphambuka bejikeleza. Ungaqala isifundo sakho ngalemibhalo engcwele: Izinombolo 14:26–33; 1 uNifayi 16:28–29; uAlma 37:38–47. Uma uzizwa unogqozo, ungabelana ngemicabango evela kulezibonelo kanye nalabo obafundisayo. Babuze bona ukuba yini esingayifunda ngalezinganekwane.

## INTSHA

### Izinto zomhlaba ezikhombisayo Ezingezakho

U Mongameli uUchtdorf uchaza inkomfa kawonkewonke kanye nemibhalo engcwele njengezinto zomhlaba ezikhombisayo lezo ezisiza thina sivikeleke ukungaphambuki ngokomoya. Dlinza ezinye zezinto zomhlaba ezikhombisayo zangomoya ongcwele lezo ezibe imfundiso futhi zakuhola empilweni yakho. Bhala phansi izifundo zakho kwijenali. Lemigqa evela kuMongameli uThomas S. Monson ingakusiza:

Isibusiso sobudala sokuhlonipha sizakukubona phakathi kobusuku obumnyama. Sizakuhola phakathi kwempilo enobungozi. Isibusiso sakho akumele sigogwe ngobunono futhi sibekwe kude. Akumele sivalelwe noma sibhalwe. Kodwa, kumele sifundwe. Kumele sithandwe. Kumele silandelwe.

“Isibusiso sobudala sokuhlonipha sakho: iLiahona Yokukhanya,” *Ensign*, Nov. 1986, 66.

“Ubaba Wethu waseZulwini akasithumelanga thina kwintuthuko yangunaphakade ngaphandle kokusilethela izindlela lapho esingathola ukuholwa Nguye ukuba kuqinisekise ukubuya kwethu okuphephile. Ngikhuluma ngomkhuleko. Ngikhuluma ngokuhleba okuvela kulolozwi elithulile, elincane.”

“UMjaho weMpilo,” *Liahona*, May 2012, 92.

## IZINGANE

### Ngingathola Indlela Yami

**U**Mongameli uUchtdorf uthi kumele silandele izinto zomhlaba ezangomoya ongcwele ezikhombisayo ngokuba zizosisiza thina sikhethe okulungile futhi sisondelane kanye noMsindisi. Ezinye zalezinto zomhlaba ezikhombisayo imikhuleko, imibhalo engcwele, inkomfa kawonkewonke, kanye ne *Liahona*.

Ningumndeni, funda inkulumo evele kwinkomfa kawonkewonke eqeda ukudlula. Yini lena okhulumayo ayilulekayo okumele siyenze ukuze sigcine sisendleni elungile? Beka izinjongo kanye nomndeni wakho ukuba usebenzise lokho okufundile.



Ukholo, Umndeni, Inkululeko

# Injabulo Kumlando Womndeni

*Funda lomlayezo futhi, ngokufanelekile, xoxa ngayo nalabo dade obavakashelayo. Sebenzisa lemibuzo ukusiza ukuqinisa odade bakho nokwenza Inhlango Yabesimame Yenkululeko ibe yingxenye ebalulekile yempilo yakho. Ukuthola ulwazi oluningi ngalokhu, iya ku [www.reliefsociety.lds.org](http://www.reliefsociety.lds.org).*

Igosa uRussell M. Nelson wekhoramu yabaPostoli Beshumi Nambili wafundisa ukuthi uMoya kaElaja u “yisibonakaliso sobufakazi obulethwa nguMoya Ongcwele ngesimo esihle somndeni.”<sup>1</sup>

Njengamalungu weBandla likaJesu elibuyisiwe, sinesivumelwano ngomsebenzi wokuba sifune amadlozi ethu futhi sibankeze izimiso ezisindisayo zebandla. Bona ngaphandle kwethu “ngeke balunge ngokuphelele” (AbaseHeberu 11:40), futhi “angeke ngaphandle kwalabo asebafileyo sibe ngabalu-ngile ngokuphelele” (D&C 128:15).

Umsebenzi womlando womndeni usilungiselela izibusiso zem-pilo yangunaphakade futhi isisize siphakamise ukhoho lwethu kanye nokulunga komuntu. Umlando womndeni uyingxenye ebaluleke kakhulu yenhloso yeBandla futhi yenza umsebenzi wensindiso kanye nokuphakamiselwa phezulu kumbuso omkhulu kuwonke umuntu.

uMongameli uBoyd K. Packer, uMongameli weKhoramu yabaPostoli

Beshumi Nambili, wathi, “Uma sifunda kabanzi ngemigqa yethu sibonokunaka kakhulu ukudlula amagama nje. . . . Ukukhathalela kwethu kushintsha izinhliziyi zethu kubobaba bethu—sifuna ukubathola futhi sibazi futhi sibasebenzele.”<sup>2</sup>

## **Kuvela Embhalweni Ongcwele**

uMalakhi 4:5–6; 1 AbaseKhorinte 15:29; D&C 124:28–36; 128:15

## **Kuvela Emlandweni Wethu**

uMprofethi uJoseph Smith wafundisa, “Umsebenzi omkhulu kulomhlaba lowo uNkulunkulu asinikeze wona ukufuna asebashona.”<sup>3</sup> Singasebenza njengababambe omunye umuntu ethempelini kulabo asebashona futhi senzele bona izimiso ezidingekile.

uSally Randall waseNauvoo, Illinois, indodana yakhe eyashona ineminyaka engu 14, wathola ukunethezeka okukhulu esithem-bisweni somndeni wangunaphakde. Emva kokuba umyeni wakhe ebhabhadiselwe indodana yabo,

wabhalela umndeni wakhe: “Kuyinto enenkazimulo enkulu ukuthi . . . singabhabhadisela bonke asebashona [amadlozi] futhi sibasindise sithole ulwazi ngabo.” Wasecela abomndeni abasondelene naye ukuba bathumele ulwazi ngamadlozi abo, “Ngizimisele ukwenza noma yini ukusindisa [umndeni wethu].”<sup>4</sup>

### **AMANOTH**

1. uRussell M. Nelson, “A New Harvest Time,” *Liahona*, July 1998, 34.
2. uBoyd K. Packer, “Your Family History: Getting Started,” *Liahona*, Nov. 2011, 17.
3. *Izifundiso zabaProfethi beBandla: uJoseph Smith* (2007), 369
4. Bona *Amadodakazi Embusweni Wami: Umlando kanye Nomsebenzi Wenhlango Yabesimame Yenkululeko* (2011), 105.

### ***Ngingenzenjani?***

1. Ngingasiza kanjani odade engibaqaphile ukuba benze umlando womndeni?
2. Ngियाqopha na umlando ngami?